





# SIYAKHULA WE ARE GROWING

# INCWADI YEZINDABA ZELUNGA

ZULU USHICILELO 01 **2018**

# MINEWORKERS PROVIDENT FUND

## OKUQUKETHWE


| I-ATHIKHILI: | PAGE |
| --- | --- |
| UMYALEZO OPHUMA KUSIKHULU ESIYINHLOKO | 01 |
| INDLELA UTSHALOMALI OLUSEBENZA NGAYO | 02 |
| YAZI NGOMHLOMULO WAKHO WOKUKHUBAZEKA | 02 |
| INDLELA YOKUFUNDA ISITATIMENDE SAKHO SEMIHLOMULO | 04 |
| IFOMU LOKUKUQOKA INDLALIFA | 05 |
| SILETHA I-FUND KUWE - IMIKHANKASO KUZWELONKE | 05 |
| UTSHALOMALI LWEZENHLALAKAHLE - ISIKOLE SASELUSIKISIKI SITHOLA UMNIKELO WOKUQALA | 07 |
| I-MWPF IPHUMA PHAMBILI ECALENI LASENKANTOLO LAPHO IBIBHEKENE KHONA NABAMELI BAKWA-XULU ATTORNEYS | 07 |
| INDLELA YOKUXHUMANA NE-FUND | 08 |


## UMYALEZO OPHUMA KUSIKHULU ESIYINHLOKO

Umhlalaphansi ungabukeka kuyinto esasekude empilweni yakho uma usengaphansi kweminyaka engama-30 ubudala kanti kuyaye kucace kahle uma usungaphezulu kweminyaka engama-40 ubudala, kodwa akukaze kube semuva kwesikhathi ukuqala wongele ikusasa.

Njengelungu le-Mineworkers Provident Fund ungaba nesiqiniseko sokuthi uzongela imali yekusasa lakho, njengoba uzobe wazi ukuthi leyo naleyo mali oyifakayo yongiwa ngendlela efanele. Ezinye izindaba ezimnandi ezokuthi le Fund ikuhlinzeka ngeminye imihlomulo eminingi mayelana nalezo zimo ezingemnandi nezivela kungalindelekile eziyingxenye yezimpilo zethu nsuku zonke.

Kulolu shicilelo sizogxila emhlomulweni wokukhubazeka okhona. Kubalulekile ukuthi uyiqonde imihlomulo yakho ukuze ukwazi ukuzikhethela ube unolwazi. Phinda ufunde i-athikhili echaza ngokujulile mayelana nemikhakha ehlukahlukene Yesitatimende Semihlomulo. Ngethemba ukuthi lolu lwazi luzokusiza ukuthi uyiqonde kahle le dokhumenti ebalulekile.

Thina njenge-Fund sizama ngokusemandleni ethu ukuthi kube khona ukuthembana phakathi kwamalungu ethu, abahlinzeki bamasevisi kanye nezisebenzi. Sifuna wazi ukuthi ngaso sonke isikhathi senza ukuthi uhlomule.



**Philda Mphephu**
Isikhulu Esiyinhloko

## INDLELA UTSHALOMALI OLUSEBENZA NGAYO

Eminyakeni eminingi edlule utshalomali labakwa-MWPF beluqhubeka ngokuhlinzeka ngenzuzo enhle ngendlela eyodwa. Nakuba isimo sezimali ezimakethe kungenzeka ukuthi siqhubeke nokuguquka sibe sibi kanye nokungazinzi kwesimo somnotho, iphothifoliyo ye-Fund ibukeka kahle, ikhombisa ukukhula kwangempela. Siyakuqinisekisa ukuthi imali oyifakayo isezandleni ezifanele.

**ITHEBULA LOTSHALOMALI LENDLELA I-FUND ESEBENZA NGAYO**

| Unyaka | Impahla R | Amalungu Aziwayo |
|---|---|---|
| 2004 | 8 313 299 | 161 447 |
| 2009 | 16 954 165 | 123 209 |
| 2014 | 26 618 144 | 100 136 |
| 2017 | 29 975 327 | 90 425 |

## YAZI NGOMHLOMULO WAKHO WOKUKHUBAZEKA



*"Ingxenye yemali efakwa ngumqashi wakho egameni lakho ikhokhela ukubhekelelwa kwakho mayelana Nemihlomulo Yokukhubazeka Ngokuphelele Nangokonomphelo (PTD). Lo mhlomulo usebenza njengepholisi lomshwalensi - uma ungakhubazeki - ayikhokhi."*



I-Fund yasungulelwa ukukuhlinzeka ngemihlomulo uma usuthathe umhlalaphansi kanti imali oyifakayo ikunikeza ngaphezu komhlomulo wakho womhlalaphansi.

Zinyanga zonke ufaka iphesenti yomholo wakho ku-Provident Fund. Phezu kwalokho, umqashi wakho ufaka iphesenti lomholo wakho (egameni lakho) kanti ingxenye isetshenziselwa ukubhekelela izindleko zemihlomulo emayelana nobungozi, njengemihlomulo emayelana nokufa, ukukhubazeka kanye nokungcwaba. Izindleko ze-Fund nazo zidonswa kuleyo mali efakwa ngumqashi.

### INGABE UBUWAZI NJE UKUTHI I-FUND IKUHLINZEKA NGEMIHLOMULO UMA KWENZEKA UKHUBAZEKA UNOMPHELO?

Ingxenye yemali efakwa ngumqashi wakho egameni lakho ikhokhela ukubhekelelwa kwakho mayelana Nemihlomulo Yokukhubazeka Ngokuphelele Nangokonomphelo (PTD). Lo mhlomulo usebenza njengepholisi lomshwalensi - uma ungakhubazeki - ayikhokhi.

### NGUBANI OKULUNGELE LO UKUTHOLA LO MHLOMULO?

Noma yiliphi ilungu elikhubazeka ngenxa yokulimala noma ngenxa yesifo futhi liqhubeka nokuhluleka ukusebenzela ukuhola noma ukusizakala emsebenzini walo noma nanoma yimuphi omunye umsebenzi lapho eliqashwe khona njengamanje, lokho kusuke kungukulahlekelwa yisitifiketi sokulungela ukusebenza unomphelo.


Ilungu eliba nesisodwa kulezi zimo zobuthakathaka ezilandelayo; ukulahlekelwa wukubona, ukulahlekelwa ukuzwa, isifo senhliziyo, isifo sikashukela esesincike ekwelashweni ngensulini (esisezingeni se-Type 2), isifo sokuquleka kanye nezinye izimo zobuthakathaka ezihlobene nesitifikethi sokulungela ukusebenza.

## LO MHLOMULO UKHOKHELWA KANJANI?

Uma usuthumele ubufakazi bezokwelashwa, isicelo sakho sokukhokhela ukukhubazeka kwakho sesamukelwe Ngumshwalensi ne-Fund uzobe usuthola:

- Isamba Sekhredithi Yakho Ye-Fund (imali elondolozwe ku-Fund) kanye
- Nesamba semali esingumholo wakho wonyaka ophindwe kathathu. (3x)

### IFLOSHADI YENQUBO YESICELO SOKUKHOKHELWA UKUKHUBAZEKA




**Ukuze ufake isicelo senkokhelo, sicela ukhulume nomqashi wakho ukuze uthole ifomu elifanele lokufaka isicelo senkokhelo ukuze uligcwalise. Umqashi naye uzokusiza mayelana namadokhumenti adingekayo kanye nangenqubo okumele ilandelwe ukuze kugwemeke ukubambezeleka.**

## IFOMU LOKUQOKA UMHLOMULI

Imisebenzi eyinselelo enkulu ebhekene nama-Trustee ukuqinisekisa ukuthi imihlomulo yabelwa zonke izindlalifa zakho ezaziwayo ngendlela efanele, uma kwenzeka ushona. Nakuba ifomu yokuqoka ingawabophezeli ama-Trustee, iyaba ngumkhombandlela obalulekile uma ushona.

**Qinisekisa ukuthi uyayigcwalisa ifomu Yokuqoka Indlalifa njalo ngonyaka noma uyigcwalise uma isimo sakho sishintsha ukuze uqinisekise ukuthi imihlomulo yakho ikhokhelwa ngendlela efanele.**

## UMHLOMULO WOKUNGCWABA EMVA KWEMINYAKA YOBUDALA YOMHLALAPHANSI

Umhlomulo wokungcwaba ukhokhelwa yi-Fund uma kwenzeka kushona ilungu, umuntu oshade nelungu noma ingane. Kodwa akupheleli lapho, uma usuphumile ku-Fund ngesizathu somhlalaphansi uyaqhubeka nokubhekelelwa ngomhlomulo wokungcwaba ongu-R30.000.

## SILETHA I-FUND KUWE - IMIKHANKASO KUZWELONKE

Ngonyaka wezi-2017 Isikhwama yenze imikhankaso kuzwelonke, ayixhumananga namalungu kuphela kodwa ixhumane nanemiphakathi lapho amalungu ehlala khona. Imikhankaso yokukuzibandakanya nemiphakathi yingxenye yokuzibophezela kwethu okuqhubekayo ekufundiseni nasekwaziseni amalungu nezindlalifa ubuso nobuso.

## IMIKHANKASO YOKUFUNDISWA KWAMALUNGU

Ngesikhathi kwenziwa imikhankaso yokufundiswa kwamalungu kuyaye kugxilwe ekufundisweni kwamalungu mayelana nemihlomulo nangobundlalifa. Le mikhankaso ihlinzeka nangethuba lokuletha i-Fund eduze nawe. I-Fund yenziwa ukuthi ibonakale kuwe futhi uba nethuba lokukhuluma ngqo nabaphathiswa. I-Fund izoqhubeka nokubandakanya bonke abaqashi ukuthi benze imikhankaso ezayo. Ucelwa ukuba ubuze i-HR yakho mayelana nezinsuku zemikhankaso yesikhathi esizayo. **Lezi zimayini sezivakashelwe ku-2018 kuze kube manje:**

| Igama Lemayini | Usuku Lokufundiswa Kwelungu | Isamba |
|---|---|---|
| **Northam Platinum** | 05 Masingana 2018 | 5729 |
| **ASMAG** | 01 Nhlolanja 2018 | 68 |
| **Tendele** | 02 Nhlolanja 2018 | 401 |
| **South Deep** | 15 ku 16 Nhlolanja 2018 | 1983 |
| **Midvaal** | 01 Mashi 2018 | 46 |
| **Margaret Water** | 07 Mashi 2018 | 29 |
| **Evander Mine** | 08 ku 09 Mashi 2018 | 1523 |
| **Tau Lekoa** | 15 ku 16 Mashi 2018 | 2565 |
| **Ergo Mine** | 20 Mashi 2018 | 590 |
| **Shaft Sinkers** | 22 ku 23 Mashi 2018 | 144 |
| **Arnot (Exxaro)** | 28 Mashi 2018 | 170 |
| **Baberton Gold** | 20 Epreyili 2018 | 1474 |
| **Harmony - Welkom Operations** | 04 - 27 Juni 2018 | 15226 |
| **Glencore Operations: Impuzi , Tweefontein open cast, Tweefontein underground, Glencore group services, GGV** | 15 futhi 30 Juni 2018 | 2029 |
| **Exxaro (NBC)** | 28 - 29 Juni 2018 | 152 |
| **Kriel** | 15 - 16 Meyi 2018 | 408 |
| **ZAC - Zululand** | 27 - 28 Agasti 2018 | 457 |
| **Covelent** | 23 Agasti 2018 | 84 |
| **Anglo coal - Greenside** | 29 - 30 Meyi 2018 | 408 |
| **Total number of members identified** | | **36985** |

## IMIKHANKASO YEMIHLOMULO ENGAFAKELWANGA IZICELO

I-Fund ihlala njalo ifuna ukuthi uhlomule ngakho-ke siyaye sithathe ingxathu elithe xaxa ukuze siqinisekise ukuthi imihlomulo yakho iyakhokhwa. Imikhankaso yemihlomulo engafakelwanga izicelo ihlala njalo iyingxenye yengqikithi yebhizinisi lethu futhi yingakho iqhubeka nokwenzeka. Siyajabula ukumemezela ukuthi le mikhankaso ibe yimpumelelo futhi kuze kube manje sesikwazile ukukhokhela abantu ababesebenza ezimayini abangu-4258 kufikela manje.

Uma kukhona noma yimuphi umuntu omaziyo owayesebenza ezimayini owashiya ngaphandle kokufaka isicelo sokukhokhelwa imihlomulo yabo, sicela ubacele ukuba baxhumane ne-fund. Bheka iveni yethu engumahambanendlwane ngesikhathi siqhuba yonke imikhankaso yethu! Siyajabula ukumemezela ukuthi leli veni eliseqophelweni eliphezulu linehhovisi elingumahambanendlwane elinakho konke ukuze likwazi ukukusiza nganoma yikuphi odinga ukucaciselwa ngakho noma nini nanoma kuphi ukuze izinto zibe lula kuwe.



**Umkhankaso eSwazini**



**Iveni Elingumahambanendlwane le-MWPF**

## UTSHALOMALI LWEPHROJEKTHI YENHLALAKAHLE - ISIKOLE SASELUSIKISIKI SITHOLA UMNIKELO WOKUQALA

Ngaso sonke isikhathi kubalulekile ku-Fund ukuthi ibuyisele okuthile emphakathini wonkana nokuthi ifake isandla kuphrojekthi ezoshiya igama kuzizukulwane ezizayo. Kusukela ngo-2014 besilokhu siqhubeka nokubamba umcimbi wokunikela njalo ngonyaka, okuyi-Mineworkers Provident Fund Golf Day. Enye imali esiyenze lapho sanikela ngayo okokuqala esikoleni esiseLusikisiki, eMpumalanga Kapa esibizwa ngokuthiwa yi-Thembalethu Junior School.

Lesi sikole sase sigugile kudingeka ukuba sivuselelwe. Phezu komsebenzi wokusivuselela sakha isakhiwo sezinga eliyisisekelo kanti le phrojekthi izobe isiphothuliwe ekupheleni kuka-Okthoba 2018. Lokhu kuseyisiqalo nje, njengoba sihlose ukwenza amanye amaphrojekthi afuze lawa kulezo zindawo lapho amalungu ethu kanye nezindlalifa zawo zihlala khona.



**Imisebenzi yokuvuselela eThembalethu Junior School**



**Umsebenzi wokwakhiwa kwesakhiwo sezinga eliyisisekelo uyaqhubeka**

## I-MWPF IPHUMA PHAMBILI ECALENI LASENKANTOLO LAPHO IBIBHEKENE KHONA NABAMELI BAKWA-XULU ATTORNEYS

Imigomo eyingqikithi ye-Mineworkers Provident Fund njenge-fund, yinhlonipho, isithunzi kanye nokushiya igama njengoba i-Fund iphokophelela ukukhunjulwa ngokuthile okubalulekile yizizukulwane ezilandelayo. Yingakho senza ngokusemandleni ukusebenzela amalungu ethu kanye nezindlalifa zawo ngenhlonipho nangokuvuleleka futhi sithathe ingxathu elithe xaxa ukuze siqinisekise amalungu ethu nezindlalifa zawo athola lokho okubafanele ngaphandle kokumosheka kwesikhathi.

Ngebhadi, akusiwo wonke umuntu onenhlosombono efana neyethu. Ngesikhathi thina siqinisekisa ukuthi imihlomulo ikhokhwa ngendlela efanele, kuba khona izixhwanguxhwangu ezenza amacebo futhi ziphumelele ekwebeni enye yemali elondolozwe ngamalungu impilo yawo yonke ngokuthatha imali yawo ngenkohliso.

Sifuna nazi ukuthi uma kwenzeka sizwa ngalokhu sizophenyisisa impela ukuqinisekisa ukuthi sikunqande, futhi kube nezijeziso zezomthetho. Siyajabula ukunazisa ukuthi abameli bakwa-Xulu Attorneys babophisa i-Fund ngenxa yokwenqaba kwayo ukuthi ifake imali ku-akhawunti yomunye umuntu. Icala lavulwa ngo-2014, emva kweminyaka emine ebe yinde impela siyajabula kakhulu ukunazisa ukuthi i-Fund iphume phambili.

Sinxusa amalungu uthi aqaphelisise futhi axhumane ne-Mine Provident Fund ngqo uma efuna ukufaka izicelo zenkokhelo. I-Fund ngeke sampela ifake imali yemihlomulo yelungu ku-akhawunti yomunye umuntu ngaphansi kwanoma yisiphi isimo. Kubalulekile ukwazi ukuthi asibizi mali ukucubungeni izicelo zenkokhelo noma ukuthola ukuthi ingabe ikhona yini imihlomulo okumele ukhokhelwe yona. Uma kukhona okufuna imali yokuthi isicelo sakho senkokhelo sihambe masinyane, sicela ubikele ihhovisi eliyinhloko ngalokhu njengoba le kungeyona indlela esisebenza ngayo.

Vakashela ku: www.mwpf.co.za noma ushayele ku: 010 100 3001 ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa mayelana nendlela yokufaka isicelo senkokhelo. Okunye ongakwenza ukuba uxhumane nalowo omele i-HR.

## INDLELA YOKUXHUMANA NE-FUND

Uma kwenzeka uba nanoma yimiphi imibuzo ehlobene nemihlomulo ye-Fund noma uma ufuna ukulandelela isicelo sakho senkokhelo osifakile, ungasebenzisa imigudu ehlukahlukene. Siyayithokozela imibuzo yakho. Ukuze kube lula kuwe uyakwazi ukuvakashela ngqo noma yiziphi izizinda ukuze uthole usizo:

## MINEWORKERS PROVIDENT FUND IZIZINDA LAPHO UYA KHONA MATHUPHA

| IZIZINDA LAPHO UYA KHONA MATHUPHA | IKHELI LESITALADI | INOMBOLO YOCINGO | IKHELI LE-IMEYILI |
|---|---|---|---|
| **Carletonville** | Office No. 2, Uys Buys Business Park Cnr, Kaolin & Radium Street, Carletonville, 2499 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Witbank** | Office No. 9, M&B Centre, 16 Mandela Street, Witbank, 1034 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Welkom** | 2nd Floor, Metropolitan Building, 16 Mooi Street, Welkom, 9459 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Johannesburg** | Cnr Melle & 26 Ameshoff Str, Braamfontein, Johannesburg, 2000 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Orkney** | Shop No, 12, Umuzimuhle Shopping Complex, Vaal Reefs No 3, Orkney, 2619 | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Mthatha** | No 49 Leeds & Craiser Street, Metropolitan Place, 1st Floor, Mthatha | (047) 531 2003 | clientservices@mineworkers.co.za |
| **Mozambique** | Bairro de Chinunguine C, Praia de Xai-Xai, Cidade de Xai Xai, Provincia de Gaza, Mocambique | (010) 100 3001 | clientservices@mineworkers.co.za |


## ABALULEKI BAKWA-EBS

I-Fund iqashe abaluleki abehlukahlukene be MWPF abagxile ezimayini ukuze bakusize nganoma yimuphi umbuzo. Laba beluleki bayatholakala kulezi zimayini ezilandelayo:


| IGAMA LEMAYINI | INDAWO | ESOKUPHATHA |
|---|---|---|
| **Northam** | Thabazimbi | Pertunia Mabote |
| **Harmony** | Free State | Joseph Mlambo |
| | Westernarea | Dineo Mphapho |
| | Carletonville | Petronella Modutsoane |
| **Sibanye** | Carletonville | Kamohelo Sedimo |
| | | Nelisiwe Mkhonza |
| | | Andries Ndlovu |
| | Free State | Tebogo Mavhundla |
| **Anglogold Ashanti** | Orkney (Vaal) | Mbathini Dlamini |
| | Carletonville | Sthembiso Mabaso |
| **Glencore** | Mpumalanga | Leah Mabaso |

## SILANDELE KU-FACEBOOK NAKU-TWITTER

Hlala ngaso sonke isikhathi uthola zonke izindaba zakamuva ezihlobene ne-Fund ngokusilandela ezinkundleni zokuxhumana:



https://www.facebook.com/mineworkerpf/




https://twitter.com/Mineworkerspf/

## IMBUYISOMBIKO YAKHO IBALULEKILE KITHINA

Singathanda ukuthola imbuyisombiko yakho njengoba ibalulekile kithina. Sicela usazise ngalokho okucabangayo mayelana nenyuziletha ngokusithumelela i-imeyili ku: externalcomm@mineowrkers.co.za

## IMINININGWANE YOKUXHUMANA YEHHOVISI ELUKHULU LE-FUND

Mineworkers Provident Fund Building, 4th Floor,
26 Ameshoff Street Cnr Melle, Braamfontein
010 100 3001
www.mwpf.co.za

***Disclaimer:*** The information provided in this newsletter is protected by applicable intellectual property laws and cannot be copied, distributed or modified for commercial purposes. While every effort has been made to ensure that the information contained herein is current, fair and accurate, this cannot be guaranteed. The use of this information by any third party shall be entirely at the third party's discretion and is of a factual nature only. Please note that if the content of the newsletter conflicts with the Rules of the Fund, the Rules shall prevail. MWPF does not accept any liability due to any loss, damages, costs and expenses, which may be sustained or incurred directly or indirectly as a result of any error or omission contained herein.